2019 IMIGUBHO YOSUKU LOMNYANGO WOKUTHELISA LWAMAZWE OMHLABA

Pretoria, 25 kuMasingana 2019 - UPhiko lweziMali eziNgenayo eNingizimu Afrika (SARS) ugubhe uSuku lweMinyango yokuThelisa lwamaZwe oMhlaba (ICD) ngaphambi kosuku olujwayelekile ukuze uhloniphe abesilisa nabesifazane abavikela imingcele yethu nabasiza ekuxhumaniseni ukuhweba.

Cishe iminyaka engamashumi ayisikhombisa kusukela ngonyaka wango-1953 i-ICD, minyaka yonke, ibilokhu iba futhi iqhakambisa imigubho ukuphawula umhlangano wokuqala woMkhandlu wokuBambisana weMinyango yokuThelisa owaziwa nge-Customs Cooperation Council (CCC).

Kulo nyaka uSuku lweMinyango yokuThelisa i-(ICD) 2019, olunqunywa yiNhlangano yoMhlaba yeMinyango yokuThelisa eyaziwa nge-World Customs Organisation (WCO), ikhethe isiqubulo esithi “Imingcele ehlakaniphile (SMART) eyenza ukuHweba, ukuHamba kanye nezokuThutha okungenazihibe”.

Ukuphawula lo mgubho obaluleke kangaka, umnyango wakwa-SARS woMnyango wokuThelisa neNtelo ube nomgubho ezindaweni ezimbili, okuyilezi, ICD e-Pretoria kanye nase-Beitbridge Port of Entry eLimpopo.

Obekukhulu ngomgubho omkhulu obuse-Pretoria ukuthi ubuhanjelwe yiBamba loMphathi oyiNhloko:Customs & Excise: uBeyers Theron owethule inkulumo eqavile.

Lo mgubho ubungathi yimibukiso yezohwebo, nakhu bekukhona amatende abeqhakambisa amasu emiklamo yoMnyango wokuThelisa, kubandakanya uhlelo loMhwebi Okhethwayo i-Preferred Trader programme, New Customs Acts Programme (NCAP), IT capability, Partnerships, i-e-Traveller Card entsha kanye nokugxila emnothweni ongekho emthethweni.

Okubaluleke kakhulu, e-Beitbridge, umgubho ubungazwe ngokuhlanganyela abasebenzi abebesuka ku-South African National Defence Force (SANDF), Zimbabwe Revenue Authority (Zimra) kanti futhi kukhulunywe ngemiklamo ezokwenziwa ngokubambisana abengamele umsebenzi abasebenza kuwo ndawonye.

Yomibili le migubho ibandakanye ukudluliswa kwezitifiketi ze-WCO zinikwa abasebenzi abehlukene bakwa-SARS kanjalo nababambiqhaza bangaphandle ababe negalelo

elibonakalayo emizamweni yokulawula ukuhamba kwezimpahla ngempumelelo nangendlela enobuhlakani.

“Isiqubulo salo nyaka sihlose ukuqhakambisa isidingo sokuthi sonke esikule ndima siqinisekise ukuthi ukuhamba kwezimpahla, abantu kanye nezithuthi ezeqa imingcele kuba lula kungabi nazihibe,” kusho u-Theron.

Abakwa-SARS namanje basathi kuwumthwalo wethu sonke njengababambiqhaza bomnyango wokuthelisa kanye nabalawula imingcele ukweseka imizamo yokukhulisa umnotho ngokuqinisekisa ukuthi emingceleni silandela lo mbono wokuhambisa izimpahla ezisemthethweni kanye nabantu ngendlela engenazihibe ngokuthi sisebenzise imigomo ye-SMART.

Umqondo wemingcele e-SMART uhlinzeka ngemigomo engasetshenziswa futhi ialndelwe iminyango yokuthelisa kanjalo nabanye abalawula imingcele ukuze kuncishiswe isikhathi nezindleko ezihambisana nokuphithizela kokweqa imingcele ngokuthi kuqiniswe yonke imizamo kahulumeni kulokhu.

Nge-SMART sichaza ukuthi iMinyango yokuThelisa, ngokubambisana nabanye ababambiqhaza ekulawulweni kwemingcele, kumele baqinisekise ukuthi kuyakhulunywa ngale migomo eyimihlahlandlela ye-SMART border:

- **Secure (Vikela)** – Lokhu kudinga ukuthi iMinyango yokuThelisa, ababambiqhaza abakuhulumeni kanye nabalawula umnotho basebenzele ukufinyelela kumpokophelo efanayo yokuthuthukisa ukuphepha kokuhanjiswa kwempahla kanye nempumelelo okuncike ekuthembaneni nasekusebenzeni okusobala bebe bevikela ukuqoqwa kwemali engenayo.
- **Measurable (Linganisa)** – Ukulinganisa ukusebenza kweMinyango yokuThelisa kanye nababambiqhaza abalawula imingcele ekuxhumaniseni ukuhweba nasekulawuleni imingcele, kanjalo nokuhlola ukusebenza kwemingcele yonkana, ikona okubalulekile ekuthatheni izinqumo kusetshenziswa, isibonelo, izinto ezifana ne-WCO Time Release Study (TRS) ukuze kulinganiswe kahle izinto zokuhamba kokuhweba nokubona lapho kuvaleleke khona ukuze kuzosungulwa kuthathwe izinqumo ezifanele.
- **Automated (Zenzakalelayo)** – Ukuzenzakalela kusekela konke okwenzeka ekwenganyelweni kwesimanje kweMinayngo yokuThelisa kanye, ngokwelula nokubambisana nababambiqhaza abalawula imingcele, nendawo yemingcele engenazihibe.
- **Risk Management-based (Egxile ekuNganyelweni kobuNgozi)** – Uhlaka lokulawula ubungozi olunobuhlakani nemininingwane olwenza iMinyango yokuThelisa kanye nababambiqhaza ekulawulweni kwemingcele ukuba basebenze kangcono kuwo wonke amazinga, ikakhulukazi ekuthatheni izinqumo nezinhlelo ezisemigomweni yabo.
- **Technology-driven (Okuqhutshwa ezobuchwepheshe)** – Inxakanxaka yedijithali isiveze amathuba amasha nezinselelo eMinyangweni yokuThelisa nababambiqhaza abakuhulumeni, okuholele ekubeni khona kwesidingo sokubheka ukusetshenziswa

kwezisombululo zobuChwepheshe bezoLwazi nokuXhumana i- Information and Communications Technology (ICT) solutions.

Ukuqinisekisa ubuqotho bempahla uhlelo olusha lwakwa-SARS lwempahla luyakwazi ukudlulisa imininingo efakwe ngesandla nefakwe ngekhompyutha kanye nokulandelela lokho ezikhungweni eziningi (amathemilani namadepho) ngenkathi impahla idluliswa emigudwini efanele.

“Sesiphetha, lezi zindlela zizosisiza ukuthi sibhekane kahle nezimpahla ezingekho emthethweni kanjalo nezimpahla mbumbulu, ezinesandla emnothweni ongemthetho kanjalo nokulahlekelwa kwemali engenayo yombuso, kusho ibamba lomphathi oyinhloko.”

Ujenga lokuhlonipha izicukuthwane lwemukela uSekela Ngqongqoshe weziMali uMondli Gungubele, iBamba loMphathi oyiNhloko: uBeyers Theron kanye nebamba likaKhomishana: uMark Kingon emgubhweni we-ICD e-Pretoria

Induna u-Colonel Baloyi we-SADF kanye ne-Group Executive: Customs Strategy & Policy: Coffet Lebepe bahole abahloli ngesikhathi kugujwa uSuku lweMinayngo yokuThelisa lwamaZwe omhlaba e-Beitbridge